



January 2020, Volume 23, Number 1

# UKUBALULEKA KWEZILINGANISO ZOMOBA

 **Ibhalwe nguBongiwe Chonco**

Minyaka yonke kubalulekile ukuthi umlimi enze izilinganiso zomoba, ukuze azi ukuthi angalindela isivuno esingakanani kumoba azowuhlahla. Izilinganiso zokuqala zenziwa ngo Nhlolanja kuya kuMbasa, bese zenziwa inyanga nenyanga kuze kube umlimi wenza ezokugcina ngoMandulo uma engakahlali. Zibaluleke kwizinhlaka ezinathathu; (a) umlimi, (b) umshini/isigayo kanye (c) nembali kashukela.

## (a) Kumlimi

- Uyakwazi ukwenza uhlahlo mali, lokhu kumsiza ekutheni ahlelele izinsiza kusebenza (izibulala-khula), enze nezivumelwano nosonkontileka.
- Uyakwazi ukuqhathanisa ukuthi isivuno asitholayo siyakhuphuka noma siyehla ukuze athathe isinqumo sokuthi insimu uyitshala kabusha uma ingasakhiqizi ngendlela.

## (b) Kwisigayo/ Kumshini

- Ubungako bomoba ozogaywa ngaleyo nkathi
- Ukuze ukwazi ukuqagula ukuthi uzovula isikhathi esingakanani ngalowo nyaka
- Ukwazi ukubalela umlimi ngamunye umthamo okumele awulethe emshini ngosuku

## (c) Imboni kashukela

- Imboni idinga izilinganiso ukuze ikwazi ukwenza izivumelwano zomoba ozogaywa kuleyo sizini nanokuthi ushukela uzodayiswa kanjani (eNingizimu Afrka nakumazwe angaphandlela).
- Ukuze ikwazi ukubalela umlimi imali okumele ayikhokhe (i-levy)

## Zintathu izindlela zokwenza izilinganiso

1. Kubhekwa ubungako kanye nesisindo sogoqo lomoba.
2. Kuthathwa isampula ezindaweni eziyisihlanu bese kwenziwa izibalo
3. Kubhekwa amarekhodi okuthi umoba ubukhiqiza kanjani eminyakeni (okungenani eyisihlanu) edlule nokubheka isimo sezulu.

## Uyini umphumela wokwenza izilinganiso ezingashayi emhloneni noma yokungathumeli izilinganiso?

- Uma wenza izilinganiso ezingashayi khona, ungaba ngaphezulu ngo-5% noma ngaphansi ngo-5% ungeqi.
- Umlimi ongafakanga izilinganiso kwibhodi elilawula isigayo (MGB) kungamubeka ekuvimbelekeni komoba wakhe esigayweni.

Ukuthola kabanzi ngendlela yokwenza izilinganiso zomoba xhumana nomeluleki wezomoba.



## OKUQUKETHWE



**ISEXWAYISO** ngezifo nezinhambuzane



Ukulawula ukhula: Kuyenzeka yini isibulala-khula singasebenzi:



Izinhlelo zezolimo emsakazweni

# UKULAWULA UKHULA: “KUYENZEKA YINI ISIBULALA-KHULA SINGASEBENZI?”

 **Ibhalwe nguMusawenkosi Khumalo noSifiso Hlela**

Enyangeni kaMfumfungonyaka wezi-2019, uMnyango weZolimo noKuthuthukiswa Kwemiphakathi Yasemakhaya wahlangana nabalimi baseNtumeni Eshowe ngenhloso yokwethula isikhathi sokutshala. Ngaphambi kokuba kuqale umcimbi kaNdunankulu, kuningi okuyizingqinamba kwezolimo okwabekwa abalimi baseNtumeni. Ubaba uKhuzwayo olima ngokuncane waveza ukuthi banenkinga ngezibulala khula ezingasasebenzi. Lokhu kwenza amasimu abo engabukeki kahle uma uqhathanisa nabalimi abakhiqiza ngokukhulu.

Sekujwayelekile ukuthi abalimi bathi “isibulala-khula uMashay’abhuqe (Glyphosate) asisalubulali utshani obenabayo (ungwengwe) noma iVelpar yenza umonakalo kumoba wakho.

Ukubheka ubunjalo bomhlabathi kuyasiza ekulawuleni indlela izibulala-khula ezisebenza ngayo. Uphiko oluhlola umhlabathi (FAS) kwa-SASRI luyasiza ekucubunguleni umhlabathi.

## Qaphela lokhu uma usebenzisa izibulala-khula

### 1. Izintuli/ukungcola

a. Uma ukhula lungcolile ngenxa yezintuli (ezingudleni), zimbili izinto ezingenzeka:-

- Inozolo yakho izocinana ingakhiphi isilinganiso esidengekayo sesibulala-khula
- Ukhula lungavikelwa ulwelwezi lwezintuli bese isibulala khula singamunceki emacembeni/emaqabungeni

b. Izintuli ezisemaqabungeni ziyakukhinyabeza ukusebenza kahle kwesibulala-khula uma ziningi ngoba amaconsi kaisibulala-khula kumele anamathele emaqabungeni ukuze lufe ukhula. Uma amaqabunga enezintuli isibulala-khula sivele sinamathele kuzo bese singafinyeleli kahle kwizimbobo iqabunga eliphfumula ngazo, zimunce isibulala khula.



### Amanzi

Amanzi anobusawoti noma ubumuncu akhinyabeza umfutho/ukusebenza kwesibulala-khula. Amanzi angcolile avimba ukukhipha kwenzolo isibulala-khula.



Uma ufutha ngamanzi kumele abe maphakathi nendawo kwi-pH metre (pH 4.5 kuya ku 6.0). Kubalulekile ukufunda ilebula ephuma nesibulala-khula ukuze uthole ukuthi kubalulekile yini ukulungisa isimo sobumuncu bamanzi ngokusebenzisa izinto ezifana ne-“Buffer” noma ukulwa nobusawoti nge-Ammonium sulphate uma uzosebenzisa isibulala-khula uMashay’abhuqe.

### 2. Ubungako bobumba emhlabathini

Ubumba olusemhlabathini nalo lunomthelela omkhulu ekusebenzeni kahle kwezibulala-khula. Uma kufuthwa kumhlabathi onobumba oluningi, isibulala-khula sibasiningi uma uqhathanisa kumhlabathi oyihlabathi. Izincomo zakwa-FAS zizokutshela ubungako bobumba kwinsimu esampuliwe.

Clay	%	10
Silt	%	10
Sand	%	80
Organic Matter	%	2.3

Isib.: Ubungako bobumba olutholakala kwimiphumela yesampula lomhlabathi lakwa-FAS

### 3. Isigaba sokukhula kokhula

Khetha ingxube yezibulala-khula ngokwesigaba sokukhula kwalo. Kunezibulala-khula ezicindezela imbewu yokhula ingaqhumi, kunezilulawula lusanda kuqhuma, kunezilulawula seluqhumile kodwa lungakaqhakazi noma lungakanabi bese kuba ezokulunganda seludlebelekile. Kubalulekile ukululawula ngokucindezela imbewu ingaqhumi noma lusanda kuqhuma, ungalulindi luze luqhakaze noma lunabe.



Isigaba sokuqala: Ukhula lusuke lungakaqhumi



Isigaba sesibili: Ukhula lusuke seluqhumile lungaka qhakazi



Isigaba sesithathu: Ukhula lusuke seluqhakazile

# ISEXWAYISO ngezifo nezinzambuzane

 **Ibhalwe nguMaphilisi Zulu**

Ngesikhathi sikancibijane umoba awumi ukukhula, izifo nezinzambuzane ziyadlondlobala ngoba zivunwa isimo sezulu. Kunezinto ezike zenzeke ensimini yakho kodwa unganaki ngoba wazi ukuthi wenze konke obekufanele ukwenze ukuze umoba ukhule kahle.

## Qaphela lezi zimpawu emobeni wakho

1. Uma ubona umoba wakho ushintsha umbala kuba ngathi uyasha uba phuzi, kubalulekile ukungena ensimini ubheke ukuthi ngabe yini imbangela. Lapho insimu iphuzi khona kumele uphendule amakhasi omoba ubheke ngaphansi ukuthi azikho yini izimbungulu eziphuzi zamaqabunga omoba (YSA). Lezi zimbungulu zimunca amanzi amaqabunga omoba bese ushintsha umbala.



2. Uma ubona amaqabunga omoba egoqana esha sengathi umoba ushoda ngamanzi, ngena ensimini ubheke kumaqabunga agoqane ukuthi azikho yini izintwala zomoba (Sugarcane Thrips). Nazo lezi zintwala zimunca umsoco emaqabungeni omoba nokudala ukuthi umoba ungakhuli kahle. Ukungakhuli kahle komoba kusho ukwehla kwesivuno, kwehle nenzuzo ozoyenza. Lokhu kungaholela ekutheni ibhizinisi lakho lomoba ligcine liwile.



3. Ungakhohlwa mlami ukubheka umoba wakho omncane (itshalo noma ihlumela) ngesikhathi kuhlakulwa noma kuchelwa isibulala-khula. Bheka ukufa kwekhanda lomoba nokungaholela ekutheni umoba ugcine ufile. Lokhu kungadalwa ukuba khona kusihlava (Eldana) eziqweni zomoba. Isihlava sidla iziqu zoboma bese ikhanda lomoba liyafa. Okunye ukungakhuli kahle komoba kudalwa amathuku kanye nemisundu ehlasela iphinde idle izimpande zomoba. Lezi zinzambuzane zenza izimpande zivuvukale nokwenza kube nzima ukuthi isitshalo simunce imisoco esiyidingayo ukuze sikhule kahle siphinde sidlondlobale.



4. Kwesinye isikhathi uke ubone umoba wakho oyihlumela ungakhuli ensimini kodwa ube uwunike zonke izimfanelo ezidingekayo. Lokhu kungadalwa ukuthi umoba unesifo umbasha. Lesi sifo sibamba umoba ukuthi ungakhuli nhlobo. Kubalulekile ukuthi umoba uhlolelwe lesi sifo ikakhulukazi ihlumela.



Uma uhlangana nalezi zimpawu emasimini, ungamoshi sikhathi, xhumana nabeluleki ukuze bathintane nabethimba lezifo nezinzambuzane bazokuhlola bakweluleke ngokumele ukwenze ukuze ube nesivuno esihle. Akuzona zodwa lezi zinto ezingenza umoba wakho ukuba ungabi muhle. Kukhona nezinye ezifana nokushoda komsoco emhlabathini, ukhula kanye nobumuncu bomhlabathi. Nikeza umoba wakho zonke izidingo zawo ukuze unciphise amathuba okuhlaselwa izifo nezinzambuzane. Umoba ongondlekile uhlaseleka kalula.

## IZINHLELO ZEZOLIMO EMSAKAZWENI

 **Ibhalwe nguWinile Shelembe**

UMnyango weZolimo noKuthuthukiswa Kwemiphakathi Yasemakhaya ngokubambisana neSikhungo Sezocwaningo Lomoba kuba nezinhlelo zokufundisa abalimi emsakazweni eyahlukahlukeni, befundiswa ngabeluleki bezomoba kusukela utshalwa, uwunakekela kuze kube uyahlahlwa. Kubalulekile ukuthi abalimi bazilalele lezi zinhlelo

ngoba akugcini kukhulunywa ngokukhiqizwa komoba kuphela kodwa nabeluleki bezolimo abahlukahlukeni basuke befundisa ngezinye izinhlelo zezolimo okungaba ukufuya, ukhiqiza imifino njalo njalo.

Kwizifundo zabalimi esibanazo unyaka nonyaka kwizifundamshini ezahlukene njengesikhungo sezocwaningo lomoba (SASRI) sibambisene nomnyango wezolimo, ngonyaka ophelile ngoNcwaba (August), besikhuluma ngokukhiqizwa kwembewu yomoba kanye nokulima okuxubile, lapho besigquaguzela khona abalimi ukuthi noma betshalile umoba kodwa indawo encanyana abanayo, bangatshala noma bafuye ukuze bathole ukudla noma imadlana besalinde umoba, ngakho ukulalela lezi zinhlelo kungamsiza umlimi. Lalela kulemisakazo elandelayo:



UMSAKAZO	INDAWO	USUKU OKUSAKAZWA NGALO UHLELO	ISIKHATHI SOHLELO
Ukhozi FM	Ethekwini	uMsombuluko	4:00 – 5:00
Ikhwezi	Kranskop	uLwesithathu	19:05 – 20:00
Nongoma FM	Nongoma	uLwesithathu	13:35 – 14:55
Good News Community Radio	Verulam	uLwesithathu	05:00 – 05:30
Siyathuthuka fm	Ndwedwe	uLwesibili	14:00 – 15:00

# AMASU ASEMQOKA

 **Ibhalwe nguThulani Masondo**

## Ukunqanda ukhula

Ngalesisikhathi sonyaka ukhula luba yinkinga nakhu okumele ukwenze:

- Xhumana nomeluleki wakho wezolimo noma walaba abadayisa izibulala-khula bayobheka ensimini ukuthi yini ongayisebenzisa
- Qikelela ukuthi amanzi owasebenzisayo ahlanzekile
- Funda ilebula yomuthi ozofutha ngawo ukuthi ithini
- Bheka ukuthi umuthi uthini ngobumba lwenhlabathi yakho
- Yazazi nanokuthi inhlabathi inobumuncu obungakanani (soil pH) ngoba buba nomthelela kumuthi owusebenzisayo
- Qikelela ukuthi imithi uyixubanisa ngendlela efanele
- Qala ukubulala ukhula lapho luseluncane khona ugcine la olusuke seludlondlobele kakhulu khona
- Ukhula olusuke selukhule kakhulu kumele luhlakulwe, olunjengobabe kanye nomqangabhodwe
- Isinandi/uqethu/ingilazi kanye nenqonqodwane ungalokothi uluhlakule kumele ulufuthe



## Isiwumba

Uma insimu noma amasimu akho enesiwumba nakhu okumele ukwenze:

- Sikhophe ensimini ngokuthi umbe isinde lomoba elinaso bese lowomoba uwufake esikhwehleri sikamanyolo ukuze uvikele ukuthi imbewu ingachitheki phansi ensimini bese lowo moba uyowushisa ngaphandle kwensimu khona kuzofa imbewu
- Uhlobo lomoba oluthandwa yisiwumba kumele uhlale ulubheka ukuthi asikho yini
- Qinisekisa ukuthi isinde lomoba elinesiwumba ulikhipha lonke ukuze lingakwazi ukubuye limile



## Izifo

- Uma ubona into engajwayelekile emobeni wakho bikela umeluleki wakho noma abethimba lezifo nezinambuzane zomoba
- Ithimba lezifo nezinambuzane zomoba yilo elinamandla ekutheni likwazise okumele ukwenze, lona lisuke liqhuba umgomo elisuke liwunikezwe yimboni kashukela ukuthi liwenze (imboni kashukela ikhandwe abalimi laba eniye nibakhethe ukuthi bayonimela ezinhlakeni zakwashukela, amalunga avela ezigayweni zomoba kanye nezisebenzi zemboni kashukela)

## Izilinganiso zomoba

- Qinisekisa ukuthi uyazenza izilinganiso zomoba ozowuhlahla uzinikeze i-Mill Group Board, uma ungalokothi ukuzenza cela umeluleki noma abomshini bazokusiza kanti namaphepha akho eminyaka yakho eyedlule yokudiliva angakusiza ukuthola ukuthi ujwayele ukuhlahla into engakanani



## Ukuhlelela ukuhlahla

- Hlela amasimu akho ngokuvuthwa kwawo kanye nanohlobo lomoba (umoba wakho awuvuthwa ngendlela efanayo kukhona onoshukela omningi ekuqaleni konyaka, omunye maphakathi nonyaka kanti omunye uba noshukela omningi uma isigayo sesizovalwa)
- Hlola izinga lokuvuthwa kwamasimu ngokusebenzisa i refractometer
- Makube khona ukuxhumana ngasosonke isikhathi phakathi komshini kanye nabalimi ukuthi umshini usebenza kanjani ukuze uma ungasebenzi kahle umoba ungashiswa nanokuthi kungabi nomoba ohleli emazonini
- Qinisekisa ukuthi usonkontileka omqashayo uzokwazi ukukwenzela umsebenzi omuhle
- Umoba akumele weqe emahoreni angama-72 (izinsuku ezintathu) ungalenile emshinini
- Qinisekisa ukuthi umoba ungena njengokomthamo umshini osuke ukunike wona kusukela isigayo/umshini uvula uma uzohluleka yazisa abomshini noma ngabe yiluphi uhlaka olumele abalimi ukuze umthamo wakho

uzonikezwa omunye umlimi okothi uma usuhlele kahle zonke izinto zakho akubuyisele lowomthamo wakho ukuze ukwazi ukuthi umoba wakho ungalali nanokuthi isigayo sihlale sinomoba esiwugayayo

## Imbewu yokutshala

- Uma uzotshala amasimu akho ngo 2021 xhumana nethimba lezifo nezinambuzane zomoba likuhlelele imbewu, uma uzotshala kulonyaka kumele ukuba imbewu uyi ode ngonyaka ophelile (2019). Kodwa ke kuye kwenzeka uma kukhona ongasayithathanga imbewu yakhe uyithole yize ubunga odanga kodwa lokho asikukhuthazi
- Insimu lapho osuke uzotshala khona imbewu kumele ibe nezinyanga eziwu 9 ingenawo umoba, noma eziwu 12 uma uzotshala imbewu ozoyidayisela abanye abalimi
- Indawo la osuke uthe uzotshala khona imbewu awulokothi uyishitshe ungalizanga abethimba lezifo nezinambuzane zomoba kanye nomeluleki wakho ngoba bakuncomela uhlobo lomoba ngokubheka umhlabathi, ukuma kwendawo kanye nesimo semvula noma izulu
- Ungalokothi utshale noma uthenge imbewu engagunyaziwe yithimba lezifo nezinambuzane zomoba



## Ukunisela

- Qikelela ukuthi inkasa yakho isesimeni esivumelekile (amapayipi awavuzi, amanzela akhipha amanzi afanele Kanye nanokuthi umfutho wamanzi wanele)
- Nisela ngokulandela uhlelo lokuthi ulahlelwe amanzi angakanani ngokomhlabathi (irrigation scheduling per daily evaporation)
- Faka amanzi la asuke edingwa yisitshalo ngokuhwamuka kwawo (daily evaporation)
- Amanzi amaningi ngokweqile emhlabathini wawdingeki ngoba abulala umoba wakho (emhlabathini kumele kube nomoya kanye nezinambuzane)



## ABADIDIYELI

Sifiso Hlela, Winile Shelembe, Bongiwe Chonco, Musa Khumalo (DARD), & Wayne Mthembu (Umhleli)

Ikhishwa kathathu ngonyaka; January, May nango-September

**Imibono nemibuzo:** Winile Shelembe: 031 508 7511 Email: Winile.Shelembe@sugar.org.za

Amalungelo okuqopha aqakethwe kulo mbhalo. Ayikho ingxenye yalo msebenzi engaphinda yenziwe nanganoma iyiphi indlela ngaphandle kwemvume ebhaliwe yomshicileli. Yize yenziwe yonke imizamo yokuqinisekisa ubuqotho bolwazi olushicilelwe kulo msebenzi, isikhungo sezoCwango ngoMoba saseNingizimu Afrika (SASRI) asizukuthathelwa zinyathelo ngokulahlaka noma ukulimala okungehlakalela umuntu ngenxa yokulandela ulwazi oluqakethwe lapha. Ukusetshenziswa kwamagama nezikhangisi ezinobunikazi kulomshicilelo akungathathwa njengokuqinisekisa/gqugquzela ukuthi zisetshenziswe.